**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

# POSSIBLE ANSWERS OCT / NOV 2006

## ISIGABA A

***Imvubelo*** **– A. M. Maphumulo.**

### UMBUZO 1
### IZINKONDLO

1.1 Isifundisa ukuthi uma usufundile waphumelela siza abanye ukuze nabo bafinyelele lapho ukhona. (2)

1.2 1.2.1 "Uphokophelel' ukuzuz' iminyezane yezazi".

1.2.2 "Manje usuthwel' umqhele wolwazi". 2x2=(4)

1.3 1.3.1 Belala bengalele noma belala bengakhululekile noma belalela ovalweni.

1.3.2 Besebenza kanzima noma bezabalaza.

1.3.3 Ezisafunda noma ezisaqhubeka nokufunda. 2x3=(6)

1.4 Luwelele ngale komfula wolwazi. (2)

1.5 Ukuxhumana siqalo.
e.g. Ngoba benenhloso ngawe,
Ngoba nje usulapho sekwadlula konke- (2)

1.6 Imvumelwano siqalo.
e.g. Usakhumbula ubunzima?
Usakhumbul' ukuthi ubungabuthi quthu-

Imvumelwano siqalo eyeqayo.
Uphokophelel' ukuzuz' iminyezane yezazi,
Manje usuthwel' umqhele wolwazi,
Usuhamba ngezinqe ngokuzithiba.

**NOMA**

Imvumelwano sigcino.
e.g Uphokophelel' ukuzuz' iminyezane yezazi,
Manje usuthwel' umqhele wolwazi, (2)

1.7 Isho ukuthi ubengabulali ubuthongo. (2)

**[20]**

**Inkondlo B**

1.8 1.8.1 Ngalinda lashon' eNtshonala<u>nga</u>,
Ebelishon' eNtshonalanga laze
Lavel' eMpumala<u>nga</u>

Ngabal' izindwani kwanhlang<u>a</u>
Zimuka nomoya konke
Cha! Ngempela ithemb<u>a</u>

Kazi Nokwethaba wayaph<u>i</u>?
Imithombo yentokozo ebigeleza
Unyelel' olusivivi yagelez' umjoy<u>i</u>. (1)

1.8.2 – Ngokwehlukanisa <u>izimbali</u> zendalo
– isingathekiso. (2)

1.9 UNokwethaba noma intombi yembongi. (1)

1.10 Ebelishon'……
Lavel' …….
NOMA
……….eNtshonalanga
……….eMpumalanga (2)

1.11 Uma ehamba. (1)

1.12 1.12.1 Bangikhohlisile noma bangiluthile.

1.12.2 Ukuhamba okwesikhashana.

1.12.3 Sengafa kudala. 2x3=(6)

1.13 Ikhuluma ngokufa kukaNokwethaba. Imbongi bebelokhu beyikhohlisa bethi usahambile okwesikhashana uzobuye abuye. Yaze yabona ekugcineni ukuthi angeke asabuya ngoba useshonile. (4)

1.14 Kusho ukuthi noma ungahlala ethembeni lokuthi into izokwenzeka kodwa ingenzeki awufi ngokuthi ubulokhu uthembile. (2)

1.15 Umkhunkuli. (1)

**[20]**

**[40]**

ISIGABA B
**UMBUZO 2**

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. Molefe**

Isiqeshana A

2.1 Esibayeni emzini wenkosi.
Bazoqula icala likaZaba noThulisile lokuthandana ngasese khona esigodlweni.
UThulisile eyindlovukazi waze wathola umntwana kaZaba khona esigodlweni. (3)

2.2 Bathandana ngaphambi kokuba uThulisile aye esigodlweni. (2)

2.3 NguMgidi Ngubane. (2)

2.4
- Ukhulume ebandla ukuthi yena ungene esigodlweni evele esethandana noZaba.
- Yena uphoqelelwe ukuzogana ngoba inkosi kayiphikiswa.
- Ulibeka ngokusobala elokuthi akayithandi inkosi khona ebandla.
- Uthi ubengeke ayiqome noma ngabe yayiyisesheli sakhe esinemithi enamandla.
- Uthi uxolela ukufa kunokuthi agane inkosi. (5)

2.5 2.5.1 Isiphoxo noma umuntu ophoxayo noma umuntu owenza into engacabanganga.

2.5.2 Ukwenza into ezokwehlula noma ukwenza into engenziwa.

2.5.3 Ukushada noma ukushada ngokwesintu. 1x3=(3)

2.6
- Unenkani akafuni ukudla ukudla kwasesigodlweni.
- Uyadelela ubiza inkosi ngegama.
- Akahloniphi uqhubeka nokuthandana noZaba nokuba eseyindlovukazi yenkosi. (namanye amaphuzu angavezwa abafundi) (3)

2.7
- Ayibabulalanga kodwa yabakhela indlu khona esigodlweni.
- UZaba yamenza inceku yayo enkulu. (2)

**[20]**

2.8 Basemzini kaMsanka. (2)

2.9 Lokuthi inkosi ifuna ukunika uZaba isikhundla sokuba yinhloli. (2)

2.10 Yingoba ethandana noThulisile oyindlovukazi yenkosi. Ucabanga ukuthi izinhloli ziyambona uma ebonana noThulisile komkhulu. (2)

2.11 UZaba wayehlele ukweqa noThulisile baye koNondaba eMgungundlovana. (2)

2.12 Ukwehlelwa okukhulu noma ukuhlolelwa umuntu. (2)

2.13 Ukuba nolaka. (1)

2.14 Lisetshenziswe lasho ukukhohlisa. (2)

2.15 Yingoba iyahlonishwa futhi ingumama wesizwe. (2)

2.16 Yingoba unina, onguThulisile wayeshinga ngisho esigodlweni lapho kungashingwa khona. (2)

2.17 Indlu ivaliwe. (1)

2.18 OwakwaMajola. (1)

2.19 Wathi amadlozi acasulwe ulaka undlunkulu abe nalo ebukhosini. (1)
**[20]**

**[40]**

ISIGABA C
**UMBUZO 3**

***Isigcawu Senkantolo* – M. M. Masondo**

**Isiqeshana A**

3.1 NgowakwaKubheka, usehhovisi likaNgubane. (2)

3.2
- Wafuna abatshuzi ngoThemba.
- Washintsha isheke lakhe, uNgubane ngoThandi walenza othenilandi nofiftilandi.
- Wacela ibhange ukuba ligcine izinombolo zale mali eliyikhiphile.
- UNgubane wakhipha imali kaZethu wafaka eyezinombolo esikhwameni esabuyiselwa abatshuzi edamini.
- Le mali yezinombolo yaholela ekubanjweni kukaMagwegwe ngoba yatholakala emakhikhini akhe.

(NAMANYE ANGAVELA.) (5)

3.3 Ungummeli wamacala obugebengu. (2)

3.4 Ekusindiseni noma ekusizeni noma ekukhipheni umkami ebunzimeni noma enkingeni. (2)

3.5
- Ngumona.
- UZikode wathi uKubheka uthola imali elingana neyakhe engazange afake imali enkampanini.
- UKubheka wathi uZikode uthola imali engazi nokuthi umsebenzi wenziwa kanjani. (3)

3.6 - Iyingwijikhwebu.
- Kungena abantu ehhovisi likaNgubane.
- Sekuyadutshulwa khona lapho.
- Kuvela namaphoyisa.
- Kuzwakala nokubabaza kukanogada. (4)

3.7 UMenzi Zondo noZenzele Masondo. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

3.8 UZethu noS'fiso. (2)

3.9 UVika. (1)

3.10 NguMagwegwe Buthelezi. (1)

3.11 Kwathi makasibulale noma kwathi makasiqede. (2)

3.12 UMagwegwe Buthelezi noMhlobo Mvubu. (4)

3.13 Cha, abakaze babonane ngamehlo.Babexhumana ngocingo noma ngezincwadi. (2)

3.14 Yebo wayikhokha.Kwakuyinkulungwane yamarandi. (2)

3.15 - Kwakuye kuthi uma uDuduzile ekhuluma ocingweni unina abambe olunye ekamelweni lakhe alalele yonke inkulumo. (3)

3.16 Wesatshiswa kwathiwa uma engakhokhi udaba lokubulawa kukaZikode luzosakazwa. (1)

3.17 UKubheka angabhadla ejele iminyaka eminingi.
Kungabhidlika umshado kaDuduzile noThulani Hadebe. (2)
**[20]**

**[40]**

ISIGABA D
**UMBUZO 4**

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C. T. Msimang**

**Isiqeshana A**

4.1 UZulu namaBhunu noma nabelungu. (2)

4.2 Yebo. Sithola igwababa likhuluma noMpeza kule nganekwane. / Abantu noMpeza ababeyophanga izinkomo balizwa igwababa likhuluma. (3)

4.3 Umzekeliso.
Inganekwane esamlando ngoba ixuba nomlando. Emlandweni uZulu walwa ngempela namaBhunu.
Ixoxa ngabantu abake baphila, uMpeza.
Ifaka nezilwane,igwababa.
Kufakwe nezinto ezingakholeki noma ezingeke zenzeke,ukukhuluma kwegwababa. (5)

4.4 Wathi uyena yedwa osindile bonke laba abanye bafile. (2)

4.5 Ukuthi umuntu athathe izexwayiso noma ngabe lowo okunika sona wedeleleke kangakanani. (2)
(NOKUNYE OKUNGAVELA)

4.6
4.6.1 Inganeko > Inkosikazi esenyangeni.
4.6.2 Insumansumane > Unogwaja nebhubesi.
4.6.3 Umzekeliso > UMpeza negwababa. (6)

**[20]**

**Isiqeshana B**

4.7 Wobani Labayana. (1)

4.8 Abazanyana nezingane nonina bezingane. (2)

4.9 Yisosha sokuzithokozisa nokuqeda isizungu. (2)

4.10 Igosa. (1)

4.11 Zombili zishiwo umzanyana.
Zombili zithulisa ingane uma ikhala.
Zithunduzela ingane ukuze ilale.
(NOMA YIKUPHI OKUBILI) (2)

4.12 Woban' labayana?
Womhlinzamfukwe.

Benzan' laphayana?
Bamb' umgubane
Bawunikwe ubani?
Bawunikwe uDlokweni,

Afunan' emsamo?
Afun' isankumpuza.

Azosinikw' ubani?
Azosinikw' uDlokweni 2x2=(4)

4.13 (a) Ukuxhumana siqalo

Bawunikwe ubani?
Bawunikwe uDlokweni,

NOMA
Azosinikw' ubani?
Azosinikw' uDlokweni.

(b) Ukuxhumana sigcino

Bawunikw' uDlokweni,
Dlokweni, Dlokweni!

(c) Ukuxhumana okuyinxemu

Azosinikw' uDlokweni.
Dlokweni, Dlokweni!

(NOMA YIKUPHI OKUBILI) (4)

4.14 Ukuhlala phezu kwento enjengesihlalo noma isigqiki.NOMA Ukuhlala uphakame. (2)

4.15 4.15.1 Zwane – Mangethe / Mthanti

4.15.2 Sibiya – Ndaba / Gumede / Sotobe. (2)
**[20]**

**[40]**

ISIGABA E
**UMBUZO 5**

***Umlabalaba* – O. E. H. Nxumalo**

**Isiqeshana A**

5.1 Buyel' ekhaya. (2)

5.2 Abazali bakhe babengafuni ashade noNomagoli ngoba bethi ulibhinca futhi akasonti. (2)

5.3 Kusho ukuthi ugogo wakhe wayemthanda kakhulu. (2)

5.4 Lokuthi usekhulelisile. (2)

5.5 Isonto noma ukubuyela enkonzweni. (1)

5.6 Ukuya eYunivesithi kwamenza wabona ubuhle bemvunulo nemigido yakubo. (2)

5.7 (a) Inkinga yomlingiswa oqavile

- Umlingiswa oqavile uBongani.
- Ubhekene nenkinga yokuthi abazali bakhe abafuni ukuthi aganwe uNomagoli ngoba ulibhinca futhi akalona ikholwa.
- Enjalo nje akafundile. (2)

(b) Ukuqoqeka kwendawo

- Iqoqekile indawo ngoba konke okwenzakalayo kwenzeka endaweni eyodwa.
- Kuphunywa emakhaya kwaNgema nakwaGumede kuyiwe esontweni. (2)

(c) Isiphetho

- Siyingwijikhwebu.
- Umndeni wakwaNgema usuhlangene nomndeni wakubo KaNomagoli ngokuganiselana.
- Sebengamakholwa bonke.
- Umfundisi naye usebhince ibheshu
- naye uyabubona ubuhle bamasiko. (4)

5.8 WakwaGumede. (1)
**[20]**

**Isiqeshana B**

5.9 Unkemiswe ukubona uNdumiso engamjabuleli uma ethi uyoshada ngenyanga ezayo esikhundleni salokho uhluleka ukukhuluma ngisho nokuma imbala. (2)

5.10 Into esuke izwisa ubuhlungu. UNdumiso wezwa ubuhlungu uma ezwa ukuthi uThembisile uyoshada ngenyanga ezayo ngoba wayesezimisele ukuthi uzomtshela ukuthi uyamthanda. (2)

5.11 Uzazi ngoba naye wayeke azikhale uma ekhumbule uNdumiso.Uthi izinyembezi zothando. (2)

5.12 Yebo siyahambelana.
UNdumiso utholakala ekuqaleni kwendaba ehlengezela izinyembezi ekhumbule uThembisile. Ufisa ukushada naye kodwa uThembisile akayazi leyo ndaba ngoba uNdumiso uyesaba nokumtshela ukuthi uyamthanda.
Uma esequnge isibindi esethi uzomtshela uthola ukuthi uThembisile useyoshada.
Zabuye zehla futhi izinyembezi. (5)

5.13 Esokuthi ungalahli okukhona ngokungekho. UNdumiso wehlukana noNomkhosi ngoba esezithembise ukuthi uzothola uThembi ashade naye. Umlahla nje akakakhulumi nakukhuluma noThembisile lowo ezwe ukuthi yena uthini. (NOKUNYE OKUNGAVELA) (4)

5.14 Usho ukuthi uzothatha isikhathi eside ukuthi aphinde abashayele ucingo futhi. (2)

5.15 UNtombi. (1)

5.16 Wayenziwa ukuthi ungumngani wakhe omkhulu. (2)

**[20]**

**[40]**

**80**